



# INGEDE

August 2007, Vol. 10, No.1



## UKHULA OLUYINKINGA

### Utshani obunabayo

#### Isingeniso

Umoba utshalelwa inzuzo. Ukubona ukuthi inzuzo inhloso yakho, kudingeka wenze isu noma iqhinga. Ihlumelelyonanto enenzuzo, kodwa ke utshani obunabayo yibona obunikeza itshalo kanye nehulumela inkinga. Izindawo ezintathu lapho imali isetshenziswa khona kakhulu ekulimeni umoba; ikumanyolo, ukubulala ukhula, ukuhlala kanye nasekudonseni umoba. Izindawo lapho umlimi enamandla khona amakhulu isekufakeni umanyolo kanye nokubulala ukhula lokhu okunye umlimi angeke akwazi ukukulawula.

#### Ukubona nokukwazi ukuhlukanisa ukhula

Kunezinhlubo ezintathu zokhula: olunamaqabunga, oluwutshani kanye nenqoba (sedges). Ukukwazi ukuhlukanisa ukhula kubalulekile ukuze ukwazi ukukhetha umuthi wokhula ozokwazi ukubulala lolokhula kanye futhi nanokuthi wazi ukuthi kumele ulubalale nini kanjani. Ukhula oluyinkinga kakhulu yisinandi/qambalala/qethu (cynodon dactylon).

#### Izizathu zokuhlakula

Ukhula luncintisana nesitshalo ngelanga, ngomswakamo, ngomsoco kanye nangendawo uqobo. Ukuncintisana kokhula nesitshalo kwenza ihlumela lomoba elibi elingondlekile, izimpande azikhululeki, kuvuneke kanzima, isivuno esincane kanye nokwanda kwezifo.

#### Indlela yokunqanda ukhula

Ukhula oluwutshani yilona khula oluyingozi kakhulu ngendlela olukhula ngayo, ngisho nasemhlabathini omubi luyamila okwenza lulimaze isitshalo kakhulu. Ukhula olulandela utshani ngokuba yingozi wukhula olunamaqabunga bese kulandela inqoba (sedges).

Ngaso sonke isikhathi qala ngokubulala lokhu okuyingozi kakhulu (ukhula oluwutshani). Uma utshani bungabulawanga isivuno angeke sibe khona.

#### Izindlela zokubulala ukhula

##### Ngokuhlakula

Lena yindlela yokusebenzisa igeja ukuhlakula bese utshani bufakwa ezikhwameni bukhishwe ensinini bubulawe. Lendlela kumele iphindwe umoba uze uhlanganise. Ubusi balendlela wukuthi idla isikhathi, iyabiza, kanti kungenzeka ukhula lungafi.

Lokhu ungakwenza etshalweni kanye nakumoba oyihlumela.

##### Ngokusebenzisa izibulala-khula

Umoba owondlekile nohlanganise kahle yiyona ndlela enesiqinisekiso sokubulala ukhula. Uma isinandi noma uqethu sekumile kahle kulukhuni kakhulu ukusibulala. Ungakwazi ukusibulala ngesibulala-khula esinobuthi i glyphosate ufake amalitha awu 6 kuya ku 8 omuthi. Kodwa kumele kucoshelelwe ukuthi umoba awuthwe

leki ngoba uma uke wathinteka uzofa bese umlimi elahlekelwa yisivuno ebesizomfakela imali. Olunye ulwazi mayelana nokubulala lobutshani ungaluthola kulamaphepha akwa SASRI (South African Sugarcane Research Institute):

- SASRI Information Sheet- Weeds No. 10.2 Creeping perennial grass weed control
- SASRI Herbicide Guide

#### Abeluleki bezolimo

Kusemqoka ukuthi ngaso sonke isikhathi umlimi athintane nomeluleki wakhe wezolimo ukuze athole izeluleko. Ohlelweni lokusebenza lukameluleki, umeluleki kumele afake ukubulawa kokhula bese abalimi beze bezothamela izifundo umeluleki azobe ezihlele. Thola uhlelo lokusebenza lukameluleki wakho ukuze uzokwazi ukuthamela zonke izifundo anihlelele zona. Lokhu kuzokwenza wandise ulwazi lwakho ekukhiqizeni komoba.

*Ngu William Gillespie*

## UMXHUMANISI WESIKHUNGO SOCWANINGO (SASRI) NABALIMI



*uBongi Zikalala*

Waqala ukusebenza esikhungweni sezocwaningo kwa-SASRI ngonyaka ka 2000 kuya 2005, usebenze eminyangweni emibili eyehlukene. Owokuqala kube yilapho kukhiqizwa khona izinhlobo ezintsha zomoba (Plant breeding) nalapho kusetshenzwa khona ngez-inambuzane (Entomology).

Emva kwalokho wabe esesebenza e STC okusho ukuthi Shukela Training Centre njengomunye wabafundisi bezolimo, efundisa abalimi bakamoba. Njengamanje usebuyele kwa SASRI njengomxhumanisi wezolimo. Ungene esikhundleni sika-Mantombi Tofile oshiye lesikhundla ekuqaleni kwalonyaka. Wenza izifundo zakhe zezolimo e Owen Sitole College of Agriculture eyaziwa nge Cwaka, wabuyela waqhubeka nokufunda e Nyuvesi yase Mzansi Afrika ngamafushane e UNISA lapho ephothule khona ezinye iziqu zakhe. Miningi imisebenzi azobhekana nayo ikakhulukazi izinhlelo kanye nemisebenzi yokuxhumanisa abalimi abasathuthuka (abalimi-abalima ngokuncane) nesikhungo sezocwaningo u SASRI. Lokho kuxhumana phakathi kuka SASRI nabalimi kubaluleke kakhulu ukuze bathole ulwazi abaludingayo ekusimamiseni amabhizinisi abo. Phakathi kwemisebenzi azoyenza uzohlukanisa (ngokuhlanyanela nabeluleki) ulwazi lobuchwepheshe oluzoqoshwa futhi lusakazwe emisakazweni yomphakathi eyehlukene kusifundazwe sonke. Omunye wemisebenzi yakhe ukuhlukanisa, ukuhlela nokusakazwa kweNgede.



Isinandi sehlisa isivuno kuze kufinyelele ku 80% uma siyekwe sancintisana nomoba



# UKUNQANDA UKHULA NGENDLELA EFANELE KWENZA UMEHLUKO PHAKATHI KOKUPHUMELELA NOKUHLULEKA

- Abalimi kumele baqikelele ukunqanda ukhula ngesikhathi umoba usemncane njengoba ukhula luncintisana nawo ngomswakamo, ilanga kanye nomsoco kulesisigaba.
- Ukhula kumele lunqandwe ngaphambi kokuba luvele noma uma nje lusanda kuvela. Uma luyekwe lwaze lwakhula lwafika emadolweni, ingxenye enkulu yisivuno isuke seyilahlekile vele.
- Ukuhlakula nge-geja kungasebenza kahle uma kwenziwe ngesikhathi esifanele, ukhula lungakabi lude.
- Indlela eshibhile yokunqanda ukhula ukusebenzisa isibulala-khula okuyisona.
- Kubalulekile ukufaka isibulala-khula ngesikhathi esifanele ngokwesigaba sokhula, ungalindi kuze kuqedwe ukufakwa kukamanyolo anduba ufake isibulala-khula.
- Qiniseka ukuthi ufaka isibulala-khula okuyisonasona esihambelana nohlobo lokhula onalo futhi esilungelene nomhlabathi wakho.
- Ezinye izibulala-khula zidinga umhlabathi oswakeme noma imvula encane ezokwazi ukuzingenisa emhlabathini.
- Ukuphuza ukufaka isibulala-khula kulimaza umoba, kube nomthelela omubi esivunweni futhi kunciphise namahlumela ongawahlaha.

Leli thebula elilandelayo likhombisa ukulahlekelwa okungabakhona ngokulibaziseka kokuhlakula.

Ukubaziseka Kokuhlakula	% Isivuno Esilahlekayo	Ukulahlekelwa Ngamathani 50 Amathani Nge Hektare	Ukulahlekelwa Ngokwe-mali 12.5% Sucrose @r 1574.80 Rv
Akukho ukulibaziseka	Akukho Ukulahlekelwa	Akukho Uku-lahlekelwa	Akukho Uku-lahlekelwa
Ngamasonto amane (4)	5% esilahlekayo	2.5 amathani kamoba	R 492.13
Ngamasonto ayisishiyagalombili (8)	20% esilahlekayo	10 amathani kamoba	R 1968.50
Akuhlakulwanga nhlobo	50-80% esilahlekayo	25-40 amathani kamoba	R 4921.25- R 7874.00

Ngu: John Neen



Insimu engenakhula, isivuno esihle.

# UKUSHINTSHA KWESIMO SEZULU



Umonakalo esimobeni owadalwa amanzi olwandle eMhlathuze zingu-19/03/2007 (Tsunami).

**N**gabe kuyiqiniso kangakanani, kanti kungenzeka yini kulimaze abalimi?

Uma ngabe kukhona abalimi abanganaso isiqinisekiso noma abanokungabaza ngesimo sokushintsha kwezulu, mabaqinisekise ngokuzibuza lombuzo: ngabe isimo sezulu sisafana yini nesakuqala saleminyaka eyadlula?

Ukufudumala kwesimo sezulu emhlabeni esikubiza ngokuthi (Global Warming), izikhukhula o El Nino kanye nokushintsha kwesimo sezulu yiwo wonke amagama aye asetshenziswe ukuze kuxwayiswe abantu ukuthi impilo le esiyaziyo emhlabeni iyaghubeka iya ngokuya ishintsha ngendlela esheshayo njengoba umhlaba uya ngokuya ufudumala. Ukuguquka nje kwesimo sezulu siya sifudumala kakhulu lokho kusho omkhulu umehluko kukodwa. Ukushintsha kwesimo sezulu kuyimvelo kodwa ukwanda kwezimbini emhlabeni kwenze isimo saba sibi kakhulu kanti nobuthi lobu obuphuma ezimbini kanye nasezimotweni kube nomthelela ekuphakamiseni izinga lokushisa emhlabeni.

U El Nino yinto eyenzeka lapho izinga lokushisa lolwandle (Pacific Ocean) bude buduze nezwe laseNingizimu Melika sibanomthelela ekushintsheni isimo somsinga wolwandle kanye nezinga lokushisa emhlabeni wonke jikelele.

Kulindelekile-ke ukuthi sibe nezimo ezahlukene ezizokwenzeka emhlabeni njengoba isimo sezulu siyangokuya sishintsha, ezinye zezinto ezilindelekile;

ukushisa okungajwayelekile, isomiso, izikhukhula, ukuwa kweqhwa, isithwathwa kanye nomoya.

Kuncane kakhulu okungenziwa ukunqanda lokhu kushintsha kwesimo sezulu ngesikhashana, kodwa ke kusemqoka kuwo wonke amazwe ukuthi abheke lezozinto ezinomthelela ekushitsheni kwesimo sezulu ukuze azigweme.

Ukuze abalimi bakwazi ukubhekana nalesisimo sokushintsha kwezulu, isikhungo socwaningo lomoba semboni kashukela simatasatasa ngokuthi senze izinhlelo ezizokwazi ukuthi zisize abalimi ukuze bangalimali, lezo zinhlelo ngezokuthi kukhiqizwe uhlobo lomoba oluzokwazi ukubhekana nesimo lesizo esizobe sikhona kanye nokubheka izinhlelo zokusebenzisa amanzi ngendlela efanele.

Ngakho-ke kusemqoka ukuthi abalimi kukho konke abakwenzayo basebenzise izindlela ezizovikela imvelo ukuze kunqandwe lesisimo sokushintsha kwezulu.

Ngokulandela izindlela ezinconywa u SASRI (Isikhungo socwaningo lomoba) umlimi angaba sethubeni elihle lokuthi umoba wakhe ungalimali. Uma abalimi bengaqali bashitshe kusemanje, ngiyacabanga isimo sokushintsha kwezulu sizozama mawala sisifice singakakuhlomeli ukukhiqiza ukudla okuzokwazi ukumelana nalesisimo.

Ngu: Martin Eweg

## IZINHLELO ZEZOLIMO EMISAKAZWENI

### Ukhozi FM ku 90.1 – 107.5 FM

Cobela kufalaza mlimi Ngolwesithathu ngo 03h45 – 04h45 ekuseni

### Radio Khwezi ku 90.5 no 107.5 FM

Ezolimo nomnotho Ngolwesithathu ngo 19h05 – 19h35 ebusuku

Impinda yohlelo NgolMsombuluko ngo 05h05 – 05h35 ekuseni

### Eshowe Icora FM ku 100.4 FM

Phezu komkhono Ngolwesithathu ngo 19h00 – 20h00 ebusuku

### Durban Youth Radio ku 105.1 FM

Youth In Agriculture Ngolwesithathu ngo 19h30 – 20h30 ebusuku

### Radio Highway ku 101.5 FM

Siyatshala siyavuna Ngolwesithathu ngo 20h00 – 21h00 ebusuku

### Radio Maputoland ku 107.6 FM

Xoshindlala Ngolwesine ngo 19h00 – 20h00 ebusuku

### Radio Sunny South ku 97.0 FM

Asidle Sonke Ngolwesibili ngo 10h00 – 11h00 ekuseni

# NGOLWAZI, UNGANDISA INZUZO YAKHO

Ukuba nolwazi olwanele noluyilo ngokukhiqizwa komoba, kungakuholela enzuzweni ephindaphindekile ongayithola ebhizinisini lakho lomoba.

"Ngaphandle kolwazi, impumelelo ayikho, inzuzo iphansi kanti nekusasa limfipha".

Ukuqinisekisa ukuthi ulwazi oludingwa umlimi ukuze aphumelele futhi enze inzuzo engcono ebhizinisini lakhe lomoba, abeluleki bakwa-SASRI behlangene naboMnyango wezoLimo phecelezi "Joint Venture" baqhuba umkhankaso (Roadshows) wokudlulisela lolulwazi olubalulekile kubalimi embonini kashukela yaseMzansi Afrika jikelele.

Izifundo ezethulwa kulemikhankaso esihlose ngayo ukudlulisa ulwazi oluthile futhi olukhethekile kubalimi bomoba ziqale ngonyaka ofile (2006). Inggikithi yalomkhankaso yayithi "NAKEKELA UMHLABATHI WAKHO UKUZE UHLALE UNEMPILO, UKHIQIZA NGOKUYIKO FUTHI UHLALE UKHONA ISIKHATHI ESIDE". Lezi-fundo ezijikeleza imishini/izigayo zonke, zathanyelwa abalimi ababemenyiwe ngqo abalinganiselwa ema-350 jikelele. Ezinye zezihloko kulezifundo kwakuyilezi :- Ukuhlutshwa/phundlwa komoba, Ukutshala ungalimanga, Ukuphathwa komhlabathi, nezinye.

Ngokubona isasasa nokuthakaselwa kwalezifundo ngabalimi, izinguquko nomehluko osubonakala emasimini abalimi nokugqama kwesidingo salezifundo, nakulonyaka (2007) siphinde saba nezinye izifundo ebezimayelana "NOKUKHETHA UHLOBO LOMOBA". Inggikithi yalezi fundo ibithi "Ulukehetha kanjani uhlobo lomoba ozolutshala". Lezifundo bezigcizelela kumlimi ukuba aqinisekise ukuthi ukhetha uhlobo lomoba oluvumelana nesimo sendawo yakhe ukuze athole isivuno esihle nenzuzo engcono isikhathi eside. Ezinye zezihloko obekufundiswa ngazo yilezi:- Ukukhiqizwa kwazinhlalo zomoba, Izifo nezi-Nambuzana, Izinhlalo zomoba ezinconyiwe-isigayo nesigayo, Ukutshala kabusha/ukuvuselela, nezinye. Lezifundo ziqale ngo-Nhlaba (May) kuya ku-Ntulikazi (July) futhi zisaqhubekela esifundazweni sase-Mpumalanga ngo-Ncwaba (August).



Enye yama-Roadshows eMathol'amnyama (eNdwedwe).

Isibalalo sabalimi abathamele lezifundo sifinyelele ema-363 kanti bezikulezindawo ezilandelayo:

UMSHINI / ISIGAYO	INDAWO
Ushukela (Glendale)	Maphumulo
Maidstone	Matholamnyama (Ndwedwe)
Eston	Ismont
Eston	Odidini
Noordsburg	Egujini
Amatikulu (Entumeni)	Mpaphala
Amatikulu	Delville (Nsingweni)
Amatikulu	Dokodweni (Nyezane)
Felixton	Ngwelezana
Phongola / Ushukela	Makhathini (Section 2)

Abalimi abebethamele lezifundo bayanuswa ukuthi ulwazi abaluzuzile baludlulisele nakwabanye abalimi abangabanga ingxenye yalezifundo. Kanjalo nabeluleki bayakhuthazwa ukuthi balandelele ukuqinisekisa ukuthi okufundiwe kuyasetshenziswa. Uma ufuna ukwazi kabanzi ngalezifundo ebezethulwa, xhumana nomeluleki wakho wezolimo uzokusiza.

Akugcini-ke la: - uma usulutholile ulwazi, lwandise ngokuxhumana nomeluleki wakho bese ulusebenzisa ngaleyondlela ISIVUNO ne-NZUZO yakho kuzo-PHINDAPHINDEKA.

Ngu: Bongani Phewa

## UMBIKO NGAMA PROJECTS OKULIMA NGOKUHLANGANYELA

Sithanda ukubonga kakhulu abalimi kanye naMakhosi ngokuthi babambisane nathi njengabeluleki ekutheni sisungule ama projects okulima ngokubambisana, sibuye sibonge nabasisize ngosizo lwezimali njengoMnyango wezolimo nezeMvelo, uGijima KZN kanye no Tongaat Hulett.

Nakuba lama projects esungulekile ezindaweni zabalimi siyebhekane nenkinga yokuthi kungabibikho uku-

bambisana nabalimi, kumele abalimi baqonde ukuthi lama projects angawabo akusiwo awabeluleki kumele kube yibo abasiholayo ekutheni bona bafisa I project ihambe kanjani nanokuthi kumele basilalele uma sibabonisa ukuze baphumelele.

Abalimi kumele baqonde ukuthi ngasonke isikhathi uma bebizelwa emhlanganweni kumele baye ngoba izinto ezisuke zizokhulunywa ekugcineni zisuke zizomthinta umlimi hhayi umlimi ezwe

ngabantu abazomxoxela izinto emgwaqeni ngoba ngeke bamtshele iqiniso nokuvunyelwenwe ngakho.

Izinkinga esiyi sibhekane nazo thina njengabeluleki kulama projects zinkulu kabi, ezinye zazo yilezi;

- ukungafuni kwamalunga ukusebenza noma ukwenza umsebenzi we project, esikhundleni salokho amalunga athi soholelwa wubani ekubeni I project kungeyabo

- amakomidi angakhethekile kahle, ngoba phela ikomidi kumele likhet-hwe ngamalunga e project, kanti futhi ngaso sonke isikhathi ikomidi kumele lethule imibiko kumalunga

- wukubukelwa kwezinkomo zidle umoba ngoba ethi umuntu azidli insimu yakhe, kwi project okwenzeka koyedwa niimala nonke ngoba isivuno sifakwa ndawonye bese siyacazwa ngomuntu ngomuntu.

Nazi izinyathelo okumele sizazi uma siqala I project:

- abalimi kumele babe nothando, bafise ukuba yinxenye ye project
- makwaziswe abaholi endaweni, Amakhosi, Izinduna kanye nabanye abathintekayo
- laba abalandelayo mabangashiwa ngaphandle:

- uMasipala
- kanye nabezeMvelo

- abakwa Engineering kumele benze I Land Use Plan (LUP)
- insimu yomlimi nomlimi kumele ikalwe ukuze yazeke ukuthi ingakanani (ngoba umlimi uzuba ngobungako bensimu yakhe uma sekuhlukaniswa inzuzo)
- makwenziwe ucwango (feasibility study) no-hlelo lomsebenzi (business plan) lwe-project
- makusetshenziswe I business plan ukuyofuna usizo lwezimali zokusebenza

Ubuhle bokulima ngokuhlanguyela yilobu:

- kulula ukusebenza ipulazi (project) elilodwa
- isaphulelo ekuthengeni ngoba kuthengwa ngesamba esikhulu
- isivuno sizoba sikhulu ngoba yonke into yenziwa ngendlela efanele
- umlimi uthola imali ngendlela efanele uma sekwabizwa inzuzo kanti futhi kunemali etholakalayo eyi-ntle ngokufaka insimu kwi project etholakala minyaka yonke uma kuhlaliwe

Ibhalwe ngu: Thulani Masondo

· uMnyango weZolimo

Enye yama-projects aqhubekayo yabalimi abalima ngokuhlanguyela (eMvutshini).



# UKUDONSWA KWEZIMOBABA

Ibhalwe ngu: Thulani Masondo



Cishe abalimi kuzozonke izigayo noma imishini babhekana neninga efanayo yokungaphumi komoba, okusho ukuthi minyaka yonke kuhlale kungenkinga yomoba osalayo.

Lokhu akwenzeki ngoba abadonsi bethanda noma abalimi kuba yingxa yezinkinga eziba khona, ezifana nalezi;

- ukuswelakala kwabantu abahlalayo
- ukuphuka kwemishini yosonkontileka
- ukuphela kodizili (phela abekho ezindaweni zabalimi kumele be-bothengwa kude)
- imigwaqo engahambeki
- ukungafiki kwamaloli emazonini ezothatha umoba
- ukuphuka kojibha/izilenge (crane)
- kubuye kube wukugaya kancane komshini

Ngokubona lesisimo abalimi nabadonsi ababhekana naso, osonkontileka baseNtumeni abaholwa ngusihlalo wabo uMnumzane Maqedi Sibiyi bacela ukuthi kukekuhlalwe phansi kuboniswa. Umhlangano wokuqala waba yimpumelelo enkulu ngoba kwaba khona ukubambisana kwababekhona okwaholela ekutheni udaba lugini seluyodingidwa nakwi Mill cane Committee.

Izinto ezabhekwa kwaba yilezi:

- umthamo womoba kwisigceme ngasinye (estimates)
- isibalo sabadonsi abakuleyo ndawo
- kanye nesibalo sojibha/sezilenge (crane)

Okunye okwavyunyelwana ngakho kwaba wukuthi abeluleki bebambisene kanye nalaba abalandelayo, Zone Committees, Grower Support Officer, Mill Cane Committee kanye nabadonsi kumele kube yibo ababona amasimu okumelwe ahlahlwe ngokuya kobudala bomoba.

Nakuba lezizinhlelo ziqaliwe akukahambi kahle ngoba inkonyane isathuka isisinga kanti sinethemba lokuthi ngesizini ezayo siyokwazi ukusheshe senze amalungiselelo.

Okube kuhle ngalolu hlelo osonkontileka babonile ukuthi kunesidingo sokuthi bathole uqeqesho lokufundiswa ngokuphathwa komsebenzi wabo, izifundo zenziwa zaba yimpumelelo ngoba kokwafundwa abanye babadonsi bayakusebenzisa.

Okunye okwaphakanyiswa wusihlalo wabadonsi uMnz. Sibiyi kwaba wukuthi kungaba ngcono uma abadonsi bengaba nama Depho kadizili ezindaweni zabo, nokuthi bazihlanganise osonkontileka benze inhlangano ebhaliswe ngokusemthethweni.

Abadonsi bacela abalimi ukuthi banakekele izimoba zabo ngoba umoba osokhuleni noyizinhlango nowukhahla ubadalela inkinga ngoba abakwazi ukukhipha amathani okumele bawenze ngosuku bese lokho kugcina kwenza bona ukuthi babe sezikwetheni uma imishini beyithenge ngezikwethu kanti ngokunjalo namaloli ayancishiswa uma amathani okumele alayishwe engatholakali.

Ngakho ke sithi balimi nani indaba inani ningabheki kosonkontileka kuphela.

## INGABE IZINHLELO ZAKHO ZISEMGQENI?

Ngu: Bongani Phewa

**Ake sikhumbuzane ukuthi yini okumele ngabe usuyenzile, uyayenza nokusamele uyenze epulazini lakho lomoba ukuqinisekisa ukunakekeleka komoba ngendlela, kusukela ku-Ncwaba (August) kuya ku-Zibandlela (December).**

- Isikhathi sokunqanda ukhula nokufaka isikhuthaza ehlumeleni sesifikile. Ingabe usuyenzile amalungiselelo alokhu.
- U-Mandulo (September) isikhathi sokuqala ukutshala uma nje izimvula zokuqala sezi-fikile. Ingabe usuyazi uzoyithathaphi imbewu ozotshala ngayo.
- Uma usunayo, ingabe isihloliwe yaphasiswa ngabakwa-P&D ukuqinisekisa ukuthi ayinazifo.
- Uma uzotshala kudingeka uthathe usampula lomhlabathi ukuze wazi uhlobo lukamanyolo nesibalo samasaka ozotshala ngawo. Ingabe usulithathile isampula lomhlabathi, izincimo zomanyolo sezabuya.
- Uma ungalithathanga, usangaliphuthumisa kunokuba ungalithathi nhlobo.
- Ingabe uyawandlala amatopisi noma itashi ensimini emva kokuhlala. Kuyasiza lokhu ukulondoloza umswakamo odingwa isitshalo nokuvimba ukhula lungamili.
- Uma uhlahla, ingabe uyaqinisekisa ukuthi kushiswa indima eyanele ukuthuthwa iye emshinini ezinsukwini ezimbili kusukela ishisiwe ukuze ushukela ungehli.
- Uma uzovuselela/uzotshala kabusha, umoba omdala kumele ufuthwe ngophoyizeni ukuze kungabi namavolontiya emobeni omusha. Ingabe usuyihlahile insimu ohlose ukuyitshala kabusha njengoba ngo-Mfumu (October) kumele umoba ube usuhlume wafika edolweni anduba ufuthwe ngophoyizeni.
- Enza isiqiniseko sokuthi amasimu omoba atholakale enesihlala (eldana) esiningi ayahlahlwa noma kanjani kule-sizini ungalokothi uwadlulisele onyakeni/kwi-sizini ezayo ngoba loku kungabebhethekisa lesinambuzane.
- Hlela ukutshala kwakho ngendlela yokuthi kushaywe amaholide kaKhisimusi/Ncibijane abasebenzi sebevala, kube sekuphuthuliwe.
- Ukuba nohlelo lomsebenzi lonyaka wonke kubalulekile. Ngo-Zibandlela (December) yisona sikhathi sokwakha uhlelo lonyaka ozayo/olandelayo. Qinisekisa ukuthi uyalubuyekeza uhlelo lonyaka ophelayo ngaphambi kokwakha olusha ukuze ulungise amaphutha nokuthi ungasithuthukisa kanjani isimo. Loluhlelo malubandakanye izidingo zoqeqesho lwakho.

## INTO YOKUGCINA UKUDLA KUHLALE KULUNGILE ISIKHATHI ESIDE

(IBHOKISI ELIBANDISAYO)

Ezindaweni zasemakhaya ezingenagesi kanti futhi zibe zikude nezitolo ezidayisa izinto ezinjengo parafini kanye nokunye okunjengama gesi, kuzinza ukugcina ukudla kubanda futhi kulungile, lokho kwenza ukuthi ukudla kumosheke.

Indlela endala eyayaziwa futhi ithembakele yokugcina ukudla kubanda, kusukela kudala ugesi ungakabi bikho kudingeka ibuyiswe. Lendlela isebenzisa into esabhokisi engadingi parafini noma ugesi kanti futhi kulula ukwenza lelibhokisi.

Izinto ozidingayo

- ukhuni noma i fremu yensimbi ukwenza imilenze ukuze ibhokisi lingahlali phansi emhlabathini
- amacala amabili kanye nengemva lebhokisi elenziwe ngofefe oluncane
- umlotha omahhadlahhadla noma okunye ongakusebenzisa
- ingaphezulu nengaphansi elingangenwa ngamanzi bese amashalofu angaphakathi enziwe ngepulango elincane noma okusakhethe
- isivalo masenziwe ngocingo oluncane ukuze kungangeni izinambuzane

Izindonga zebhokisi ezihamba ngambili kumele zibe ngu 100-150mm ububanzi, ezifakwe um-

lotha omahhadlahhadla, kungaba amalahlathelapho i charcoal noma kungaba yini enye ecishe ifane nalokhu.

Misa ibhokisi lakho elibandayo endaweni enethunzi, izindawo ezinjengaphansi kwesihlahla lapho lizothola khona yinoma yimuphi umoya ohelezayo. Umela amanzi asebhokisini lakho noma ngabe aqhamuka kuphi aconsele emlotheni noma emalahleni ukuze kuhlale kuswakeme.

Ngesikhathi amanzi ehwamuka emlotheni noma emalahleni abandisa umoya odlulayo ebese ubandise ukudla okufakwe kulelibhokisi.

Lokhu kucashunwe ephaphabhukwini (Newsletter 10/93) labomyango wezamanzi namahlathi (Dept Water affairs and Forestry).

